

Incwadi Yokuhlola

IBANGA

2

ISIZULU

ULIMI LWASEKHAYA

ITHEMU 3






Incwadi Yokuhlola

IBANGA 2 | ITHEMU 3

ISIZULU

Okuqukethwe

UHLOLOJIKELELE	1
IZIVIVINYO ZOFMS ZETHEMU 3	2
IFOMU LOKUHLAZIYA LETHEMU 3	11
UHLELO LOKUHLOLA LUKATHEMU 3	13




ITHEMU 3

Uhlolojikelele

Le ncwajana iqukethe izivivinyo zokufunda ngokushelela kanye nohlelo lokuhlola lweThemu 3.

Siza ukhumbule ukuthi iNcwajana yoHlolo yeThemu 1 no 2 iqukethe amaphepha okurekhoda uFMS. Iqukethe futhi imiyalelo yendlela yokwenza izivivinyo kanye nendlela yokusebenzisa imiphumela.





Izivivinyo zoFMS zeThemu 3

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 2.3.A

Ikhophi kaThisha

Imisindo engama-60 / Imizuzwana engama-60

i	o	e	q	k	5
h	F	N	M	C	10
a	u	P	J	G	15
C	l	d	n	m	20
A	I	F	M	q	25
k	P	L	m	C	30
I	s	Z	v	Y	35
r	w	U	t	x	40
V	Z	X	G	N	45
bh	ch	kh	th	j	50
Y	X	Z	bh	D	55
v	ng	ts	m	n	60

IBANGA 2 | IZIVIVINYO ZOFMS ZETHEMU 3

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 2.3.A

Ikhophi yoMfundi

Imisindo engama-60 / Imizuzwana engama-60

i	o	e	q	k
h	F	N	M	C
a	u	P	J	G
C	l	d	n	m
A	I	F	M	q
k	P	L	m	C
I	s	Z	v	Y
r	w	U	t	x
V	Z	X	G	N
bh	ch	kh	th	j
Y	X	Z	bh	D
v	ng	ts	m	n

IBANGA 2 | IZIVIVINYO ZOFMS ZETHEMU 3

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 2.3.B

Ikhophi kaThisha

Amagama angama-60 / Imizuzwana engama-60

zula	izolo	zuza	ima	zama	5
amashumi	shelela	shiyani	shumayela	thumela	10
thatha	thela	letha	xhasa	xhuma	15
ezoxhaso	xhumanisa	xhumanani	thumelani	xhaphaza	20
goqoza	qoqela	gqizelela	ngenani	mangala	25
ingane	ingono	gona	goba	gubha	30
ukugida	ukuguga	gogoda	gidela	gubhani	35
ubuthaphuthaphu	phuthumani	phumelelani	phakamisani	phuzisani	40
beqinile	bakhulumile	amakhaza	imikhizo	amakhubalo	45
ikha	khokha	khula	khala	amakha	50
ukuklaya	klayani	khiqizani	imikhiqizo	emikhathini	55
amathuba	amathikithi	thobelani	zithibe	thumela	60

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 2.3.B

Ikhophi yoMfundi

Amagama angama-60 / Imizuzwana engama-60

zula	izolo	zuza	ima	zama
amashumi	shelela	shiyani	shumayela	thumela
thatha	thela	letha	xhasa	xhuma
ezoxhaso	xhumanisa	xhumanani	thumelani	xhaphaza
goqoza	qoqela	gqizelela	ngenani	mangala
ingane	ingono	gona	goba	gubha
ukugida	ukuguga	gogoda	gidela	gubhani
ubuthaphuthaphu	phuthumani	phumelelani	phakamisani	phuzisani
beqinile	bakhulumile	amakhaza	imikhizo	amakhubalo
ikha	khokha	khula	khala	amakha
ukuklaya	klayani	khiqizani	imikhiqizo	emikhathini
amathuba	amathikithi	thobelani	zithibe	thumela

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 2.3.C

Ikhophi kaThisha

Iziqephu zokufunda / Imizuzwana engama-60 & 180

U-Andile wayefuna ukuya epaki.	4
“Uzoza epaki, Zanele?” U-Andile ubuza	9
umngani wakhe. “Singazijabulisa kakhulu.”	13
“Kodwa ngifunda incwadi,” kusho uZanele.	18
“Incwadi yami entsha imnandi kakhulu.	23
Ikhuluma ngomzingeli, nenkemba, kanye	27
nesiphepho esikhulu.”	29
U-Andile wazizwa edabukile. Wacabanga	33
wacabanga. Wabe eseshaya izandla -	38
wayenombono omuhle!	40
U-Andile waya ebhokisini lakhe lamathoyizi.	45
Wathatha amajazi okuzingela amabili	49
eliluhlaza nelimnyama.	51
Wabe esepakisha isikhwama. Wafaka ama-	56
apula amabili namantongomane ambalwa	60
esikhwameni sakhe. Wafaka namabhodlela	64
amabili amanzi esikhwameni sakhe.	68
U-Andile wabe esephumela ngaphandle.	72
Wafuna izinti ezimbili ezinde.	76
Uthe eseqedile, u-Andile wathatha amajazi	81
okuzingela, izinti nesikhwama waya kuZanele.	86

“Zanele, kumele uze epaki!” kusho u-Andile.	92
“Bheka, singadlala umdlalo omayelana nencwadi yakho. Singenza sengathi singabazingeli. Singagqoka amajazi okuzingela, senze sengathi lezi zinti izinkemba. Singenza sengathi kunesiphepho. Singadla ukudla engikupakishile.”	96 100 103 108 112 114
“O yebo! Ngiyabonga Andile.” kusho uZanele.	120
“Lokho kuzoba mnandi! Ngizoza epaki.”	125

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 2.3.C

Ikhophi yoMfundi

U-Andile wayefuna ukuya epaki.

Uzoza epaki, Zanele?” U-Andile ubuza umngani wakhe. “Singazijabulisa kakhulu.”

“Kodwa ngifunda incwadi.” kusho uZanele.

“Incwadi yami entsha imnandi kakhulu.

Ikhuluma ngomzingeli, nenkemba, kanye nesiphepho esikhulu.”

U-Andile wazizwa edabukile. Wacabanga wacabanga. Wabe eseshaya izandla - wayenombono omuhle!

U-Andile waya ebhokisini lakhe lamathoyizi. Wathatha amajazi okuzingela amabili eliluhlaza nelimnyama.

Wabe esepakisha isikhwama. Wafaka ama-apula amabili namantongomane ambalwa esikhwameni sakhe. Wafaka namabhodlela amabili amanzi esikhwameni sakhe.

U-Andile wabe esephumela ngaphandle. Wafuna izinti ezimbili ezinde.

Uthe eseqedile, u-Andile wathatha amajazi okuzingela, izinti nesikhwama waya kuZanele.

Zanele, kumele uze epaki!” kusho u-Andile.
“Bheka, singadlala umdlalo omayelana nencwadi yakho. Singenza sengathi singabazingeli. Singagqoka amajazi okuzingela, senze sengathi lezi zinti izinkemba. Singenza sengathi kunesiphepho. Singadla ukudla engikupakishile.”

“O yebo! Ngiyabonga Andile.” kusho uZanele.
“Lokho kuzoba mnandi! Ngizoza epaki.”



NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

Isivivinyo 2.3.D

Ikhophi kaThisha

Imibuzo yokuqondisisa yomlomo (8)

Uhlobo Lombuzo: Ukubuyisa Ulwazi Olusobala

1. Ubani ofuna ukuya epaki?

Impendulo U-Andile ufuna ukuya epaki.

Uhlobo Lombuzo: Ukubuyisa Ulwazi Olusobala

2. Kungani uZanele engafuni ukuya epaki?

Impendulo UZanele uyafunda. / UZanele ufunda incwadi ejabulisayo. / UZanele ujabulela incwadi yakhe emayelana nabazingeli, inkemba kanye nesiphepho esikhulu.

Uhlobo Lombuzo: Ukubuyisa Ulwazi Olusobala

3. Uthathe ini u-Andile ebhokisini lakhe lamathoyizi?

Impendulo Uthathe amajazi amabili okuzingela eliluhlaza nelimnyama.

Uhlobo Lombuzo: Ukubuyisa Ulwazi Olusobala

4. Yisiphi isithelo esipakishwe u-Andile?

Impendulo Upakishe ama-apula amabili.

Uhlobo Lombuzo: Isiphetho Esiqondile

5. Ngokucabanga kwakho, kungani u-Andile elande amajazi okuzingela, izinduku kanye nesikhwama sokudla?

Impendulo *Impendulo yomfundi, isibonelo:*

Ngicabanga ukuthi u-Andile uzama ukwakha umdlalo elandela indaba efundwa uZanele.

Ngicabanga ukuthi u-Andile ucabanga ukuthi uZanele uzoza epaki uma umdlalo ufana nencwadi yakhe ayifundayo.

Uhlobo Lombuzo: Isiphetho Esiqondile

6. Ucabanga ukuthi u-Andile unobuchule? Nikeza incazelo yempendulo yakho.

Impendulo *Impendulo yomfundi, isibonelo:*

Angicabangi ukuthi unobuchule ngoba ukopele indaba kaZanele wayenza umdlalo wakhe.

Ngicabanga ukuthi u-Andile unobuchule ngoba usungula umdlalo omusha ozothandwa umngani wakhe.

Uhlobo Lombuzo: Ukuhumusha nokudibanisa

7. Ucabanga ukuthi u-Andile uzokwenza isiphepho esikhulu sibe ingxenye yomdlalo wakhe? Ucabanga ukuthi angakwenza kanjani lokhu?

Impendulo *Impendulo yomfundi, isibonelo:*

Angicabangi ukuthi angasenza isiphepho sibe inxenye yomdlalo wakhe ngoba akakwazi ukwenza isiphepho.

Ngicabanga ukuthi angasenza isiphepho sibe inxenye yomdlalo wakhe. Angenza sengathi kunesiphepho bese befuna indawo yokukhosela.

Uhlobo Lombuzo: Ukuhlola nokucubungula

4. Ngokucabanga kwakho, ingabe ucabanga ukuthi u-Andile ungumngani weqiniso? Nikeza incazelo yempendulo yakho.

Impendulo Impendulo yomfundi, isibonelo:

Angicabangi ukuthi u-Andile ungumngani olungile ngoba kumele amyeke uZanele azifundele indaba yakhe.

Ngicabanga ukuthi u-Andile ungumngani olungile ngoba usungula umdlalo ozohlaba uZanele umxhwele.



Ifomu lokuHlaziya leThemu 3

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

IBanga 2 IThemu 3

Ifomu lokuHlaziya

Imisindo 2.3.A	Ukubalwa kwamaphutha	Isamba	Amagama 2.3.B	Ukubalwa kwamaphutha	Isamba
i			zula		
o			izolo		
e			zuza		
q			ima		
k			zama		
h			amashumi		
F			shelela		
N			shiyani		
M			shumayela		
C			thumela		
a			thatha		
u			thela		
P			letha		
J			xhasa		
G			xhuma		
C			ezoxhaso		
I			xhumanisa		
d			xhumanani		
n			thumelani		
m			xhaphaza		
A			goqoza		
I			qoqela		
F			gqizelela		
M			ngenani		
q			mangala		
k			ingane		
P			ingono		
L			gona		
m			goba		
C			gubha		

IBANGA 2 | IFOMU LOKUHLAZIYA LETHEMU 3

NHLRP FMS

Ulimi: isiZulu

IBanga 2 IThemu 3

Ifomu lokuHlaziya

Imisindo 2.3.A	Ukubalwa kwamaphutha	Isamba	Amagama 2.3.B	Ukubalwa kwamaphutha	Isamba
I			ukugida		
s			ukuguga		
Z			gogoda		
v			gidela		
Y			gubhani		
r			ubuthaphuthaphu		
w			phuthumani		
U			phumelelani		
t			phakamisani		
x			phuzisani		
V			beqinile		
Z			bakhulumile		
X			amakhaza		
G			imikhizo		
N			amakhubalo		
bh			ikha		
ch			khokha		
kh			khula		
th			khala		
j			amakha		
Y			ukuklaya		
X			klayani		
Z			khiqizani		
bh			imikhiqizo		
D			emikhathini		
v			amathuba		
ng			amathikithi		
ts			thobelani		
m			zithibe		
n			thumela		



Uhlelo Lokuhlola

IBanga 2 IThemu 3

I-ATP Ebuyekeziwe ihlinzeka ngoHlobo Olusekelwe Esikoleni (SBA) lwethemu ngayinye. Ngokwalokhu, la makhono nemiqondo elandelayo kufanele kuhlolwe kuThemu 3:

ISAKHI	UMSEBENZI
 Ukulalela nokukhuluma	Ulalalela imiyalo elandelanayo bese ephendula ngokufanele. Ulaledlisa imininingwane ezindabeni bese ephendula imibuzo evulekile. Isibonelo, uhlaziya imbangela kanye nomphumela.
 Imisindo	Uyakwazi ukubona onkamisa abahlanganisiwe. Wakha amagama esebenzisa ongwaga nonkamisa abahlanganisiwe, ongwaga abahlanganisiwe kanye nongwaga ababili abafundiswe kulo nyaka.
 UkuFunda nokuQondisa	Ufunda ngokuzwakalayo encwadini ngokwezinga lakhe. Usebenzisa amagama ajwayelekile, imisindo, namakhono okudikhoda nokuhlaziya ingqikithi kanye nesakhiwo. Uziqaphela uma efunda ndawo zombili ekuboneni igama kanye nokuqondisa. Uyalalela, azibandakanye nombhalo futhi: • Uphendula imibuzo esobala • Uyahlawumbisela • Ubeka izehlakalo ngokulandelayo okufanele • Ukwenza iziphetho
 Ukubhala ngesandla	Ugcina ukufana nokuhleleka: ubukhulu bezinhlamvu ezincane nezinkulu egameni.
 Ukubhala	Ubhala izigaba ezi-1 kuya kwezi-2 (okungenani imisho eyisishiyagalombili) ngezimo zempilo yakhe noma izehlakalo. Usebenzisa izimpawu zokubhala ezifanele (ongqi, okhefana, izimpawu zokubuzo, isibabazo) ukuze abanye bakwazi ukufunda okubhaliwe.

ISIBONELO SEMISEBENZI YOKUHLOLA

- Lemisebenzi yokuhlola yenzelwe ukuba ingxenye ye-NHLRP.
- Lapho kufaneleke khona, izivivinyo ze-NHLRP ze-FMS ziyafakwa zibe yingxenye yohlelo lokuhlola.
- Lemisebenzi yokuhlola ingasetshenziswa injalo noma yenziwe ihambisane nezidingo zeSifunda.

**Ukulalela nokukhuluma**

Ulalela imiyalo elandelayo bese ephendula ngokufanele.

Ulaledisa imininingwane ezindabeni bese ephendula imibuzo evulekile. Isibonelo, uhlaziya imbangela kanye nomphumela.

Umsebenzi 1

- Yenza lokhu ngeSonto 3 ngenkathi yokuFunda ngamaQembu Okulawulwayo.
- Bizela abafundi ngamunye edesini lakho.
- Nika umfundi ngamunye imiyalelo e-4 elandelayo ukuthi ayilandele.
Isibonelo:
 - Hlala phansi esihlalweni eduze kwami;
 - Vula le ncwadi ekhasini 35;
 - Khomba esithombeni;
 - Shaya izandla zakho ka-3.
- Qaphela indlela umfundi ajwayele ukuphendula ngayo imiyalelo.

Umsebenzi 2

- Ukuzimbandakanya nendaba
- Buza umfundi ngamunye imibuzo elandelayo mayelana neNdaba eseQoqweni lezindaba yeSonto-2: Iholide lasebusika

Ukukhumbula imininingwane:

1. Wabonani umngani kaZweli eMaputo?
Impendulo: Wabona izakhiwo ezinde, ibhishi kanye nolwandle.
2. Yini igama lempophoma eyabonwa umngani kaZweli?
Impendulo: Wabona impophoma iVictoria.
3. Wawuthenga kuphi ubhaka omunye wabangani bakaZweli?
Impendulo: Wawuthenga eGoli.
4. Yiziphi izinto ezimbili uMnu. Mabuya azenza ngamaholide akhe?
Phendula (noma ikuphi okubili): Wahlala ekhaya; wafunda izincwadi; watshala utamatisi; wachitha isikhathi nomndeni wakhe.

Okulandelayo, buza umfundi imibuzo evulekile elandelayo:

- Wazizwa kanjani uZweli emva kokuzwa ngamaholide abangani bakhe, futhi yini eyamenza wazizwa esengcono?
Impendulo: UZweli waphatheka kabi, wacabanga ukuthi iholide lakhe lalilibi. Kodwa emva kwalokho uMnu. Mabuya wamenza wazizwa engcono ngoba naye wayehlezi ekhaya. Wenza uZweli acabange ngazo zonke izinto ezimnandi azenza ekhaya.
- Kungani ucabanga ukuthi uZweli wakulangazelela ukukhuluma ngalokho akwenza ngamaholide?
Impendulo: Impendulo yomfundi, kodwa ayesekelwe. Isibonelo:
Ngicabanga ukuthi uZweli wakulangazelela ngoba wabona ukuthi walijabulela iholide lakhe futhi wenza izinto ezimnandi ekhaya.
Ngicabanga uZweli wakulangazelela ngoba uMnu. Mabuya wamsiza aqonde ukuthi iholide lingabamnandi nasekhaya.

IBANGA 2 | UHLELO LOKUHLOLA

- Hlola umfundi ngamunye usebenzisa irubhrikhi elandelayo.

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Ukulandelwa kwemiyalelo	Umfundi uyakhumbula futhi aphenule umyalelo o-1 ngokufanele.	Umfundi uyakhumbula futhi aphenule imiyalelo e-2 ngokufanele.	Umfundi uyakhumbula futhi aphenule imiyalelo e-3 ngokufanele.	Umfundi uyakhumbula futhi aphenule imiyalelo e-4 ngokufanele.
Ukukhumbula imininingwane	Umfundi unikeza impendulo e-1 efanele.	Umfundi unikeza izimpendulo ezi-2 ezifanele.	Umfundi unikeza izimpendulo ezi-3 ezifanele.	Umfundi unikeza izimpendulo ezi-4 ezifanele.
Imibuzo evulekile	Umfundi uphendula umbuzo owodwa ovulekile ngosizo olukhulu lukathisha.	Umfundi uphendula yomibili imibuzo evulekile ngosizo olukhulu lukathisha.	Umfundi uphendula yomibili imibuzo evulekile ngosizo oluthile lukathisha.	Umfundi uphendula yomibili imibuzo evulekile ngokuzimela futhi ngokufanele.



Imisindo

Uyakhwazi ukubona onkamisa abahlanganisiwe. Uyakhwazi ukubona ongwaga abahlanganisiwe kanye nongwaga ababili.

Wakha amagama esebenzisa ongwaga nonkamisa abahlanganisiwe, ongwaga abahlanganisiwe kanye nongwaga ababili abafundiswe kulo nyaka.

- Njalo ngoLwesihlanu lwamaSonto 2–7, abafundi baqedela umsebenzi woKwakha Amagama otholakala eNcwadini yokuFunda eYisisekelo.
- Ekugcineni kwezifundo zangoLwesihlanu qoqa izincwadi zabafundi zezivivinyo.
- Hlola abafundi usebenzisa irubrikhi elandelayo.

IBANGA 2 | UHLELO LOKUHLOLA

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Inani lamagama afanele akhiwe isonto ngalinye	Ngesilinganiso, umfundi wakha amagama a-0-3 isonto ngalinye.	Ngesilinganiso, umfundi wakha amagama ama-4-6 isonto ngalinye.	Ngesilinganiso, umfundi wakha amagama ayisi-7-9 isonto ngalinye.	Ngesilinganiso, umfundi wakha amagama ayi-10 nangaphezulu isonto ngalinye.
N/A	N/A	N/A	N/A	N/A
Ukusebenzisa ongwaqa abahlanganisiwe	Umfundi uyakubalekela ukwakha amagama anongwaqa abahlanganisiwe.	Umfundi uyakwazi ukwakha amagama anongwaqa abahlanganisiwe kanye nongwaqa abaphindiwe.	Umfundi ukwazi kahle ukwakha amagama anongwaqa abahlanganisiwe kanye nongwaqa abaphindiwe.	Umfundi uhamba phambili ekwakheni amagama anongwaqa abahlanganisiwe kanye nongwaqa abaphindiwe.



Ukufunda

Ufunda ngokuzwakalayo encwadini ngokwezinga lakhe.

Usebenzisa amagama ajwayelekile, imisindo, namakhono okudikhoda nokuhlaziya ingqikithi kanye nesakhiwo.

Uziqaphela uma efunda ndawo zombili ekuboneni igama kanye nokuqondisisa.

Umsebenzi

- Yenza lokhu emaphethelweni ethemu.
- Sebenzisa isivivinyo se-NHLRP yo-FMS 2.3.C
- Biza abafundi ngamunye bazokwenza isivivinyo soFMS, njengokwemiyalelo.
- Bhala imiphumela yomfundi yeFMS ephepheni lokurekhoda uFMS.
- Hlola umfundi ngamunye usebenzisa irubhrikhi elandelayo.

IBANGA 2 | UHLELO LOKUHLOLA

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Amakhono okudikhoda	Imiphumela yomfundi yoFMS ingaphansi kakhulu kwesilinganiso samaZinga okuFunda kaZwelonke.	Imiphumela yomfundi yoFMS ingaphansi kancane kwesilinganiso samaZinga okuFunda kaZwelonke.	Imiphumela yomfundi yoFMS isezingeni elemukelekile ngokwesilinganiso samaZinga okuFunda kaZwelonke.	Imiphumela yomfundi yoFMS isezingeni eliphezulu kakhulu ngokwesilinganiso samaZinga okuFunda kaZwelonke.
Ukuziqapha ngokwakho amakhono okufunda	Umfundi akakwazi ukuziqaphela amakhono akhe okufunda.	Umfundi uma isikhashana bese efunda kabusha igama noma umusho ukuze azilungise noma abe nokuqonda.	Umfundi uma kaningana bese efunda kabusha igama noma umusho ukuze azilungise noma abe nokuqonda.	Umfundi ufunda ngokushela. Uma kwenzekile waphazamiseka, uyazibona bese ezilungisa ngokushesha.



Ukuqondisisa

Uphendula imibuzo esobala.
 Uyahlawumbisela.
 Ubeka izehlakalo ngokulandelana okufanele.
 Ukwenza iziphetho.

Umsebenzi

- Yenza lokhu ngeSonto 7 ngenkathi yokuFunda ngamaQembu Okulawulwayo.
- Khumbuza abafundi ngendaba yeSonto 6 eQoqweni leziNdaba: UMusa Motha: Umdansi omelana namandla akudonsela phansi
- Bhala imibuzo elandelayo ebhodini.
- Funda imibuzo ngokuzwakalayo bese uyachaza ukuthi kufanele iphendulwe kanjani.
- Ekupheleni kwesifundo, qoqa izincwadi zabafundi ukuze uzimake.
- Sebenzisa uhla lwezimpendulo oluhlinzekiwe.

Uphendula imibuzo esobala

1. Imuphi umdlalo owawudlalwa uMusa esengumfanyana?
 - a. Ibhola lomnqakiswa
 - b. Ibhola lezinyawo
 - c. Ibhola lomphebezo
2. Wenzani uMusa ukunqanda isifo somdlavuza edolweni lakhe ukuthi singabhebhetheki?
 - a. Waphuza umuthi.
 - b. Wafunda ukudansa.
 - c. Wanqunywa umlenze.

Yenza izibikezelo

3. Ucabanga ukuthi uMusa uzophumelela njengomdansi? Yebo ngoba noma cha ngoba?
Yebo, ngicabanga kanjalo ngoba ...
Cha, angicabangi kanjalo ngoba ...

Ubeka izehlakalo ngokulandelana okufanele

4. Funda imisho elandelayo bese uyasho ukuthi ikuphi okwenzeka kuqala, kwalandelani kwase kugcina ini.
 Bhala izinombolo zemisho ngokulandelana kwayo ngokufanele.
- UMusa wafunda ukudansa ngomlenze owodwa.
 - UMusa walimala idolu edlala ibhola lezinyawo.
 - UMusa waphiwa umshini wokudlala umculo wabe eseqala ukuthanda umculo.

Ukwenza iziphetho

5. Ucabanga ukuthi yini amandla akudonsela phansi?
 a. Amandla adonsela izinto emhlabeni ukuze zingantanti emoyeni
 b. Umoya onamandla
 c. Uzibuthe odonsa izinto ezisansimbi.
6. Kungani ucabanga ukuthi amandla adonsela phansi ayilokhu?
Ngicabanga ukuthi angamandla adonsela phansi ngoba ...

Uhla lwezimpendulo

- b imaki eli-1
- c imaki eli-1
- Impendulo yomfundi:
 Ukuqedela impendulo imaki eli-1
 Ukwesekela impendulo imaki eli-1
- b, c, a (1 imaki - konke kufanele kulunge)
- a imaki eli-1
- Umfundi kufanele anikeze incazelo ezwakalayo. (amamaki ama-2)
 - Sebenzisa leli thebula elingezansi ukuguqulela esigabeni.

Amamaki esewonke kwayisi-8	IZINGA
1 - 2	1
3 - 4	2
5 - 6	3
7 - 8	4



Ukubhala ngesandla

Ugcina ukufana nokuhleleka: ubukhulu bezinhlamvu ezincane nezinkulu egameni.

Umsebenzi

- Kwenze lokhu sikhathi sonke kuthemu ngesikhathi sezifundo zokuBhala Ngesandla.
- Sebenzisa izifundo ozinikeziwe Ngokohlelo Lokufundisa lweNHLRP.
- Ngesikhathi sesifundo, hamba nxazonke ubheke ikhono labafundi lokubhala ngesandla.
- Ngasekupheleni kwethemu hlola izincwadi zabafundi ubheke inqubekela phambili yokubhala ngesandla.
- Hlola abafundi usebenzisa irubrikhi elandelayo.

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Ukwakhiwa kwezinhlamvu	Izinhlamvu eziningi zakhiwe kabi futhi ngokungafanele.	Ezinye zezinhlamvu zakhiwe kabi futhi ngokungafanele.	Izinhlamvu zakhiwe kahle kodwa kufanele kunakwe ubunono.	Izinhlamvu zakhiwe ngokufanele nangobunono.
Ukungaguquki kobungako bezinhlamvu	Ubungako bezinhlamvu buguquguquka kakhulu, futhi osonhlamvukazi ababakhulu ngokwanele mabeqhathaniswa nezinhlamvu ezincane.	Ubungako bezinhlamvu buyaguquguquka, futhi osonhlamvukazi ababakhulu ngokwanele mabeqhathaniswa nezinhlamvu ezincane.	Kunokugu-quguquka kobungako bezinhlamvu ngesinye isikhathi noma ubungako obungafanele phakathi kosonhlamvukazi kanye nonhlamvana.	Ubungako bezinhlamvu abuguquguquki futhi kunobungako obufanele phakathi kosonhlamvukazi nonhlamvana.



Ukubhala

Ubhala isigaba esi-1 kuya kwezi-2 (okungenani imisho eyisishiyagalombili) ngezimo zempilo yakhe noma izehlakalo.

Usebenzisa izimpawu zokubhala ezifanele (ongqi, okhefana, izimpawu zokubuza, isibabazo) ukuze abanye bakwazi ukufunda okubhaliwe.

Umsebenzi

- Yenza lokhu ngomjikelezo Wokubhala emasontweni 5-6, lapho abafundi bebhala mayelana: Nomuntu othanda ukudansa empilweni yami.
- Sebenzisa izifundo ozinikeziwe Ngokohlelo Lokufundisa lweNHLRP.
- Ekupheleni kwesifundo sangoLwesihlanu qoqa izincwadi zabafundi zesivivinyo.
- Hlola abafundi usebenzisa irubrikhi elandelayo.

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
Isakhiwo	Awukho umqondo olandelekayo ezigabeni ezibhaliwe.	Imisho ibhalwe ngokwezigaba, kodwa alikho iphuzu eligqamile esigabeni ngasinye.	Imisho ihleleke kahle yenza izigaba ezi-2, kodwa isigaba sesibili asiphelele.	Imisho ihleleke kahle ngezigaba ezi-2.
Ubude nesakhiwo	Umfundi ubhale imisho elungile engaphansi kwe-3.	Umfundi ubhale imisho elungile emi-4-5.	Umfundi ubhale imisho elungile eyi-6-7.	Umfundi ubhale imisho elungile eyi-8 noma ngaphezulu.
Izimpawu zokubhala	Umfundi unenkinga yokusebenzisa osonhlamvukazi nongqi ngokufanele, nanoma esizwa.	Umfundi usebenzisa osonhlamvukazi kanye nongqi ngokufanele, kodwa unenkinga ngezinye izimpawu zokubhala.	Umfundi ngokuvamile usebenzisa kahle zonke izimpawu zokubhala azifundisiwe.	Umfundi ngokuvamile usebenzisa zonke izimpawu zokubhala azifundisiwe.

